



Reading with 6-9 year olds

All children develop at their own pace and somewhere between the ages of six and nine, many of them discover the magic of reading! Here are some ideas to support and encourage them. Try out the ideas and see which they enjoy doing the most. The most important thing is to always make reading a meaningful and satisfying experience.

- **Read aloud.** Keep reading to your children – you are their inspiring model of how we read. Choose great stories that appeal to you both. Often these will be ones that your children can't yet read on their own.
- **Read to each other.** Make time for your children to read to you. Also take turns reading aloud to each other, maybe just before bedtime. Suggest reading to younger siblings too. This will boost their confidence and provides an opportunity for children to bond.
- **Hearing the sounds.** Sing songs, say tongue twisters and read rhymes together to get children familiar with the different sounds in words. This helps to master the skills they need for their own reading and writing.

- **Go beyond the story.** Help your children make connections between what they are reading about and real life. For example, if they are reading about a child's first day at school, link it to their first day at their school. Also, ask them to think about why characters behaved in certain ways and what they might have done if they were in the same situation. Don't forget to answer their questions too!
- **Choosing books.** Help your child choose books that are the kinds of stories or topics that interest them. As they start to read on their own, help them to choose books that are not too difficult so that they are able to have lots of successful reading experiences. Keep the more difficult books for you to read to them!

- **Older children, longer books.** Expose older children to chapter books. Read a chapter or two each day. Children who are ready for chapter books very often find a series they like and then want to read all the books in that series. Don't worry about this – you can introduce other authors once there are no other books left in the series to read!

For more tips on reading as well as books that children often enjoy, go to www.nalibali.org

Ukufunda nezingane ezineminyaka eyi-6 ukuya kweyi-9

Zonke izingane zithuthuka ngesikhathi sazo nje, phakathi kweminyaka yobudala eyisithupha neyisishiyagalolunye eziningi zazo zifumanisa umlingo osekufundeni! Nanka amanye amacebo okuzeseka nokuzigqugquzela. Zama amacebo bese ubona ukuthi ikuphi ezikuthokozela kakhulu. Into ebaluleke kakhulu ngukwenza ngaso sonke isikhathi ukuba ukufunda kusho okuthile futhi kwenelise.

- **Funda kakhulu.** Qhubeka nokufundela izingane zakho – uyisibonelo esihle sokuthi sifunda kanjani. Khetha izindaba ezinhle ozithandayo wena nezingane. Isikhathi esiningi lezi kuba yilezo izingane zakho ezingekwazi ukuzifundela zona.
- **Fundelanani.** Yenza isikhathi sokuthi izingane zakho zifunde ukufundela. Shintshanani futhi ngokufundelana kakhulu kuzwakale, mhlawumbe ngaphambi kwesikhathi sokulala. Phakamisa nokuba izingane ezindala zifundele ezinye zakwabo ezincane. Lokhu kuzokhulisa ukuzethemba kwazo bese kuveza iithuba lokuthi izingane zibe nobudlelwane.

- **Ukukhetha izincwadi.** Siza izingane zakho ekukhetheni izincwadi ezinezinhlobo zezindaba noma izihloko ezizihlaba umxhwele. Ngesikhathi seziqala ukuzifundela zodwa zisize ukuthi zikhethe izincwadi ezingelukhuni kakhulu ukuze zikwazi ukuba nezikhathi eziningi zokufunda ngempumelelo. Gcina izincwadi ezilukhuni kakhulu ukuze wena uzifundele izingane!
- **Izingane ezindadlana, izincwadi ezinde.** Bonisa izingane ezindadlana izincwadi ezinezahluko. Fundani isahluko esisodwa noma ezimbili osukwini ngalunye. Izingane esezilungele izincwadi ezinezahluko zivame n ukuthola izincwadi eziwuchungechunge ezizithandayo bese zifuna ukufunda zonke izincwadi zalolo chungechunge. Ungakhathazeki ngalokhu – ungethula abanye ababhali uma sezingasekho ezinye izincwadi ezingafundwa kulolo chungechunge!

Ukuze uthole amanye amacebo ngokufunda kanye nezincwadi izingane ezijwayele ukuzithokozela iya ku-www.nalibali.org



Connect with your child. It starts with a story...
Xhumana nengane yakho. Kuqala ngendaba exoxwayo...



Story stars

A world-class story weaver

Roald Dahl is a world-famous author of children's books. Although he wrote in English, his books have been translated into 34 languages and are read by children all over the world. Some of his books have even been made into films and shows. We spoke to Emma Lakey about him and his books because he is one of her all-time favourite authors.

When did you start reading Roald Dahl's stories?

I read *The Enormous Crocodile* when I was six. I carried on reading his books until I was about eleven!

What do you know about his life as a child?

He was born in Wales on 13 September 1916. His father and older sister died when he was three and so he was very close to his mother – she used to tell him stories. In fact, he based the character of the grandmother in *The Witches*, on his mother.

Do you know when he started to write?

He kept a secret diary from when he was eight years old. He wrote short stories for adults first before writing for children. His first children's book, *James and the Giant Peach*, was only published when he was 45 years old!

Do you think he found it easier to write for children?

Well he said that it was actually harder to write for children because they can't concentrate as easily as adults and they can easily be distracted by television, so your stories have to really be good!

What do you like about his writing?

I love the characters that he creates – they are always so interesting and believable even though some of them are a bit weird. None of them is ordinary – they are either really good or really mean or nasty. My favourite is Matilda in *Matilda* – she refuses to be brought down by people even though they try really, really hard to do this.

What interesting things do you know about Roald Dahl?

I found out that his favourite colour was yellow, his favourite sweet treat was chocolate and he loved the smell of bacon frying! He wrote every story in pencil because he couldn't type and if he hadn't been an author, he would have wanted to be a doctor. And here's my favourite piece of information about Roald Dahl: he always kept an ideas book where he wrote down all his best ideas when he thought of them because he said that good ideas were like dreams – soon forgotten!



Emma Lakey, now 13, with her precious collection of Roald Dahl books
U-Emma Lakey, oseneminyaka eyi-13, neqoqo lakhe eliyigugu lezincwadi zikaRoald Dahl

Abavelele ezindabeni

Umbhali wezindaba osezingeni lomhlaba



URoald Dahl ngumbhali wezincwadi zezingane odume umhlaba wonke. Noma wayebhala ngesiNgesi izincwadi zakhe zihunyushelwe ezilimini ezingama-34 futhi zifundwa yizingane emhlabeni wonke. Ezinye zezincwadi zakhe sezenziwe amafilimu nemibukiso imbala. Sixoxe no-Emma Lakey ngalo mbhali nezincwadi zakhe ngoba ungomunye wababhali abathanda kakhulu.

Waqala nini ukufunda izindaba zikaRoald Dahl?

Indaba yakhe yokuqala engayifunda yayithi *The Enormous Crocodile* engayifunda ngesikhathi ngineminyaka eyisithupha. Ngaqhubeka nokufunda izincwadi zakhe ngaze ngaba neminyaka ecishe ibe yishumi nanye!

Wazini ngempilo kaRoald Dahl eseyingane?

Wazalelwa eWales mhla ziyi-13 Septhemba 1916. Ubaba wakhe nodadewabo omdala bashona eneminyaka emithathu, ngakho wayezwana kakhulu nomama wakhe ngesikhathi ekhula – unina wayemxoxela izindaba. Empeleni wasusela umlingiswa ongugogo encwadini yakhe i-*The Witches* kumama wakhe.

Ngabe uyazi ukuthi waqala nini ukubhala?

Wagcina idayari eyimfihlo kusukela ngesikhathi eneminyaka eyisishiyagalombili. Waqala wabhala izindaba zabantu abadala ngaphambi kokuba abhalele izingane. Incwadi yakhe yezingane yokuqala i-*James and the Giant Peach*, yashicilelwa eseneminyaka yobudala engama-45!

Ngabe ucabanga ukuthi wayekuthola kulula ukubhalela izingane?

Empeleni wathi kwakunzima ukubhalela izingane ngoba azikwazi ukunamathela ngomqondo entweni eyodwa isikhathi eside njengabantu abadala, ziphazanyiswa ithelevishini kalula nje, ngakho izindaba zakho kumele zibe mnandi ngempela!

Yini oyithanda ekubhaleni kwakhe?

Ngithanda abalingiswa abakhayo – bahlale behlaba umxhwele futhi bekhokakala noma abanye babo bexakile. Abekho kubona abangabantu abejwayelekile nje – baba bahle kakhulu noma babe babi kakhulu. Ubachaza kahle bona kanye nalokho abakwenzayo kuze kube sengathi uyababona bemi phambi kwakho ngesikhathi ufunda! Umlingiswa oyintandokazi yami uMatilda ku*Matilda* – uyala ukwehliselwa phansi ngabantu abamzungezile noma sebezama kakhulu ukwenza lokhu.

Yiziphi izinto ezimnandi ozaziyo ngoRoald Dahl?

Ngathola ukuthi umbala ayewuthanda ngumbala ophuzi, uswidi ayewuthanda wushokoleli nokuthi wayethanda iphunga lokuthoswa kukabhekeni! Wayebhala indaba ngayinye ngepensela ngoba wayengakwazi ukuthayipha, kanti ukuba wayengabanga umbhali wayezothanda ukuba ngudokotela. Futhi omunye wemininingwane engiyithandayo ngoRoald Dahl ukuthi: wayehlale enencwadi ayegcina kuyo yonke imiqondo ebaluleke kakhulu emfikelayo ngoba wayethi imiqondo emihle yayifana namaphupho – usheshe uyikhohlwe!

Win!

To celebrate Roald Dahl Day on 13 September, we are giving away a hamper of five Roald Dahl books to one lucky reader. Answer one easy question and you could be the proud owner of these great stories: *Charlie and the Chocolate Factory*; *George's Marvellous Medicine*; *Danny, the Champion of the World*; *Fantastic Mr Fox* and *Matilda*.

Question: What is the title of Roald Dahl's first published children's story?

Send your answers together with your full name, physical address and contact number to letters@nalibali.org or **Nal'ibali**, PO Box 1654, Saxonwold, 2132 by 11 October 2012.



read more
PenguinBooks.co.za



Wina!

Ukuze sigubhe Usuku lukaRoald Dahl ngomhla ziyi-13 Septhemba, siphisana ngehemphe yezincwadi ezinhlano zikaRoald Dahl kumfundi onenhlanhla oyedwa. Phendula umbuzo owodwa olula ube sethubeni lokuba ngumnikazi ozizhenyayo walezi zindaba ezimnandi: *Charlie and the Chocolate Factory*; *George's Marvellous Medicine*; *Danny, the Champion of the World*; *Fantastic Mr Fox* kanye no*Matilda*.

Umbuzo: Sithini isihloko sendaba yezingane yokuqala eyashicilelwa uRoald Dahl?

Thumela izimpendulo zakho namagama akho agcwele, ikheli lasekhaya nezinombolo zokuxhumana ku-letters@nalibali.org noma ku-**Nal'ibali**, PO Box 1654, Saxonwold, 2132 ungakedluli umhla ziyi-11 Okthoba 2012.

Create your own mini-book Zakhele incwadi yakho encane



1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
 2. Fold it in half along the black dotted line.
 3. Fold it in half again.
 4. Cut along the red dotted lines.
1. Khipha ikhasi 3 ukuya ku 6 kulolu shicilelo.
 2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
 3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
 4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.




Get story active!

After you and your children have read *Lizo's song*, try out some of these ideas.



If you have 10 minutes...

-  Talk about Lizo with your children. Encourage them to talk about the ways in which their lives are similar and different to his and share information about your childhood with them.
-  Look closely at the pictures together. Ask your children how they think Lizo feels in each picture and to suggest why they think he might feel this way.

If you have 30 minutes...

-  Play a game of musical islands together. Spread out some sheets of newspaper on the floor making sure that there is one less piece than the number of people playing the game. Put the music on and dance around the newspaper. When the music stops everyone should try to touch a newspaper island using one hand and one foot. Whoever is not touching a newspaper island is out. Each time, remove a sheet of newspaper and start the game again.



If you have one hour...

-  Make simple musical instruments with your children! Create a shaker by putting some uncooked rice into the inner tube of a toilet roll and using sticky tape to attach paper to each end. Or, staple two paper plates together leaving an opening at the top. Fill the plates with dried beans and staple them closed. Encourage your children to decorate their instruments using paint, crayons and strips of coloured paper.
-  With your children, write down the words of a song that you all know and like. (Encourage older children to try writing on their own.) Then sing it together using the words you have written. Suggest that your children decorate the space around the song with pictures that have something to do with what the song is about.


Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ngemuva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde *Iculo likaLizo*, zamani eminye yale mibono.



Uma ninemizuzu eyi-10...

-  Khuluma ngoLizo nezingane zakho. Zigqugquzele ukuthi zikhulume ngokuthi izimpilo zazo zifana noma zehluka kanjani empilweni yakhe bese wabelana nalezi zingane ngolwazi ngempilo yakho usemncane.
-  Bhekisani izithombe nindawonye. Buza izingane zakho ukuthi zicabanga ukuthi uLizo uzizwa kanjani esithombeni ngasinye, bese zisho nokuthi kungani zicabanga ukuthi uzizwa ngale ndlela.

Uma ninemizuzu engama-30...

-  Dlalani ndawonye umdlalo weziqhingi zomculo. Ndlala amaphephandaba phansi uqinisekise ukuthi kushoda iphephandaba elilodwa enanini labantu abadlala umdlalo. Dlalani umculo bese nidansa nizungeza amaphephandaba. Uma usuma umculo wonke umuntu kumele azame ukuthinta isiqhingi sephephandaba ngesandla nonyawo olulodwa. Noma ubani ongathintanga siqhingi samaphephandaba uyaphuma. Susa iphephandaba elilodwa esikhathini ngasinye bese niqala umdlalo futhi.

Uma unehora...

-  Yenzani izimfijoli zomculo ezilula nezingane zakho! Yenzani isikhehlekehle ngokufaka irayisi elingaphekiwe ngaphakathi eshubhini leroli yephepha lendlu yangasese bese nisebenzisa itheyiphu enamathelayo esidunwini ngasinye seroli. Noma, nihlanganise ndawonye amapuleti ephepha amabili niwavale ngestephula nishiye kuvulekile phezulu. Gcwalisani amapuleti ngobhontshisi owomile bese niwavala ngestephula. Gqugquzela izingane zakho ukuthi zihlobise izimfijoli zazo zomculo zisebenzisa upende, amakhrayoni nemicu yamaphepha ahlukahlukane ngombala.
-  Bhalani amagama eculo enilazi nonke nenilithandayo nezingane zakho. (Gqugquzela izingane ezindadlana ukuthi zizame ukubhala zodwa.) Culani ndawonye nisebenzisa amagama eniwabhalile. Veza umbono wokuthi izingane zakho zihlobise indawo ezungeze iculo ngezithombe ezinokuthile okuhambisana neculo.

Spot the difference

Can you find 6 differences between these two pictures?

Thola okwehlukile

Ngabe ungazithola izinto eziyi-6 ezehlukile phakathi kwezithombe ezimbili?



Can you write a new song or poem by adding your own words in the spaces?

My name is _____

I love to _____

I love to _____

Ungakwazi ukubhala iculo noma inkondlo okusha ngokufaka amagama akho ezikhaleni!

Igama lami ngingu _____

Ngithanda _____

Ngithanda _____

Story corner

Here is a traditional story about a clever hare for you to read aloud or tell.

Haruki's tail (Part 1) Retold by Joanne Bloch

Long, long ago, hares had beautiful, long, fluffy white tails which they wagged whenever they felt happy or excited. At that time, all the hares lived on an island, separated from the mainland by a wide, foaming river. Though the hares knew how to swim, they could never reach the mainland, because in this river lived dozens and dozens of big, green, hungry crocodiles. These crocodiles loved nothing more than delicious hare for breakfast, lunch and supper. So every day all the mother hares told their little ones, 'KEEP AWAY from the sandy banks! KEEP AWAY from the water! KEEP AWAY from those terrifying, hungry crocodiles!'

As long as the little hares listened to their mothers, they led perfectly happy lives, hopping about under the trees and gobbling the grasses and flowers that grew all around them. But when the hares grew bigger, some of them longed for a life of adventure. 'It must be so exciting on the mainland!' they said to each other. 'There must be wonderful things to eat there, and lots and lots of interesting animals to play with. It's not fair that we can't go there!'

One day, an especially frisky young hare called Haruki suddenly had a brilliant idea. 'Guess what?' he boasted to his friends. 'Today I'm going to escape to the mainland!' None of his friends believed him, but Haruki didn't care. 'Watch me!' he said, bounding over to the sandy bank of the river.

When Haruki reached the edge of the water, he shouted boldly, 'Hey, King of the Crocodiles! Come out of the water! The King of the Hares wants to talk to you!' Haruki's friends shivered and gasped as a huge grinning crocodile pulled its powerful body out onto the sand. They had never seen anything so terrifying. The crocodile rolled its eyes slowly, then said in a deep, rumbling voice, 'Yes, what can I do for you, you cheeky little creature?'

'Well,' said Haruki boldly, not looking at all frightened, 'I think it's time for us kings to compare our kingdoms. First I will count all the crocodiles, and then you can count all the hares. Then we will be able to see which of us has the mightiest kingdom.'

Do you think the King of the Crocodiles will agree to do what Haruki suggested? Find out next week!

In your next Nal'ibali supplement:

- Join our celebration of Heritage Day
- Activities to do before, during and after storytelling
- Story stars: we celebrate South Africa's most famous storyteller
- A traditional story to tell
- The final part of the story, *Haruki's tail*

Can't wait until next week for more reading and story tips, tools and inspirational ideas? Visit www.nalibali.org or find us on Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA

Which is your favourite part of the supplement? Tell us on Twitter using the hashtag #nalibaliSA
Iyipi ingxenye oyithandayo kulesi sithasiselo? Sitshela ku-Twitter ngokusebenzisa u-hashtag #nalibaliSA

Ikhona lezindaba

Nansi inganekwane kanogwaja ohlakaniphile ongayifunda kakhulu kuzwakale noma uyixoxe.

Umsila kaHaruki (Ingxenye yoku-1) Ixoxwa kabusha nguJoanne Bloch

Kudala onogwaja babenemisila emihle, emide, emfabamfaba ababeyitshikizisa uma bezizwa bethokozile noma besese. Ngaleso sikhathi bonke onogwaja babehlala esiqhingini, behlukaniswe nezwe loqobo umfula omkhulu okhephuzela amagwebu. Noma onogwaja babekwazi ukubhukuda, babengeke bakwazi ukufika ezweni loqobo ngoba kulo mfula kwakuhlala izingwenya eziningi ezinkulu, eziluhlazana okotshani, ezilambile. Ayikho into eyayithandwa yilezi zingwenya ukudlula isidlo esimnandi sasekuseni, sasemini nesakusihlwa esingunogwaja. Ngakho zonke izinsuku omama bonogwaja babetshela izingane zabo bathi, 'NINGASONDELI esihlabathini sosebe lomfula! NINGASONDELI emanzini! NINGASONDELI kulezo zingwenya ezesabekayo, ezilambile!'

Ngenkathi besalalela omama babo onogwaja abancane, babephila impilo emnandi, begxumagxuma ngaphansi kwezihlahla bephanga utshani nezimbali ezazikhula endaweni ebazungezile. Kodwa kwakuthi lapho onogwaja sebekhula beba bakhudlwana abanye babo bafisa impilo enezigeme. 'Kufanele ukuba mnandi ezweni loqobo!' kusho omunye komunye. 'Kufanele kube nezinto ezinhle ezidliwayo laphaya, kanye nezilwane eziningi esingadlala nazo. Akulungile ukuba singakwazi ukuya laphaya!'

Ngelinye ilanga unogwaja otshelulayo obizwa ngoHaruki waba neqhinga elihle kakhulu. 'Niyazi ukuthini?' eqhoshela abangani bakhe. 'Namhlanje ngizokweqa ngiye ezweni loqobo!' Akekho noyedwa owamkholwa kubangani bakhe, kodwa wayengenandaba nalokhu uHaruki. 'Ngibukeni!' washo etshekula eya esihlabathini sosebe lomfula.

Uma esefike onqenqemeni lwamanzi wamemeza ngokuzethemba, 'We Nkosi yeziNgwenya! Phuma emanzini! INkosi yoNogwaja ifuna ukukhuluma nawe!' Abangani bakaHaruki baqhaqhazela babamba ongezansi ngesikhathi kuphuma ingwenya enkulu esinekile, umzimba wayo onamandla uba sesihlabathini. Babengakaze bayibone into eyesabeka kangaka. Ingwenya yaphendula amehlo ayo kancane, yase ikhuluma ngezwi layo elibhongayo ithi, 'Yebo, yini engingakwenzela yona silwane esincane esinesibindi?'

'Empeleni,' kusho uHaruki ngokuzethemba, engakukhombisi nhlobo ukwesaba, 'Ngicabanga ukuthi sekuyisikhathi sokuthi thina maKhosi siqhathanise imibuso yethu. Ngizoqala ngokubala zonke izingwenya wena bese ubala bonke onogwaja. Sizobe sesibona-ke ukuthi ubani onombuso omkhulu kunowomunye.'

Ngabe ucabanga ukuthi iNkosi yeziNgwenya izovuma ukwenza lokhu okuphakanyiswe uHaruki? Thola lokhu ngesonto elizayo!

Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Yiba yingxenye yomgubho wethu woSuku LwamaGugu
- Izinto eningazenza ngaphambi kokuxoxa indaba, ngenkathi ixoxwa nangemuva kokuxoxwa kwayo
- Abavelele ezindabeni: sihalisela umxoxi wezindaba odume kakhulu eNingizimu Afrika
- Indaba yendabuko ongayixoxa
- Ingxenye yokugcina yendaba, *Umsila kaHaruki*

Ngabe awukwazi ukulinda kuze kube ngesonto elizayo ukuze ufunde nangokunye kanye namathiphu endaba, amathuluzi kanye nemiqondo evusa usinga? Vakashela ku-www.nalibali.org futhi ungasithola naku-Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA



Lizo's song is one of 36 stories available in the Little Library Kits for Numeracy, Literacy and Life Skills. Each kit contains 60 readers (5 copies of 12 stories), 12 big books, 12 posters and a comprehensive teacher's guide. All the readers and the big books are available in all 11 official languages. For more information please visit our website www.cup.co.za.

Cambridge University Press
P O Box 50017, V&A Waterfront, 8002
Tel 021-4127800 | Fax 021 4198418
Email info@cup.co.za



CAMBRIDGE
UNIVERSITY PRESS
www.cup.co.za


Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment initiative to get people in South Africa – children and adults – passionate about telling and reading stories. For more information, visit www.nalibali.org.



Nal'ibali umkhankaso kazwelonke wokujabulela ukufunda ukwenza ukuthi abantu baseNingizimu Afrika – izingane nabantu abadala – babenogqozi lokuxoxa kanye nokufunda izindaba. Ukuthola ulwazi olunabile, vakashela e: www.nalibali.org.

CAMBRIDGE


Lizo's song Iculo likaLizo



Christopher Hodson • Elizabeth Pulles

TOPARAMV

Lizo was a small boy. He lived on the streets of Cape Town. He slept in the doorway of a big shop.



ULizo kwakungumfanyana omncane. Wayengumalalaphayiphi waseKapa. Ikhaya lakhe laliseduze nomnyango wesuphamakethe enkulu.

Lizo loved to sing. This was his best song.

“My name is Lizo
I love to sing
I love to sing
nearly everything.”

ULizo wayethanda ukucula. Nanti icula lakhe ayelithanda:

“Igama lami nginguLizo
Ngiyakuthanda ukucula
Ngiyakuthanda ukucula
Ngicula yonke inhlobo yomculo.”






Sometimes Lizo sang for the people at the bank. They gave him money and that made him very happy.


Ngezinye izikhathi uLizo wayeculela abantu ababeze ebhange. Babemnika imali. Lokho kwakumthokozisa kakhulu.

Once he sang outside a hotel.
“My name is Lizo
I love to sing
I love to sing
nearly everything.”
But the doorman chased
him away.



Ngelinye ilanga wacula ngaphandle kwehotela.

“Igama lami nginguLizo
Ngiyakuthanda ukucula
Ngiyakuthanda ukucula
Ngicula yonke inhlobo yomculo.”
Kodwa unogada wasehotela wayengafuni ukuba acule. Wayemxosha ethi, “Suka lapha, hamba!”



One day Lizo saw a carnival band. Some players had guitars. Some had trumpets. They began to sing and play. Lizo watched and listened.

Kwathi ngelinye ilanga uLizo wabona ibhendi yabaculi abacula umculo behamba emgwaqweni. Abanye balaba baculi babephethe iziginci. Kanti abanye babephethe amacilongo. Baqala ukucula nokudlala. ULizo wababukela wabalalela.




Every day the band practised for the carnival competition. They made a wonderful sound. Lizo wanted to join them, but he was too shy. He hid behind a pile of boxes. Sometimes he sang softly to their music. Sometimes he danced.

Zonke izinsuku ibhendi yayicula izilungiselela umncintiswano womculo. Umculo wabo kwakuwulozolo lomculo! ULizo wayefisa ukuhlanganyela nabo, kodwa enamahloni. Wayecasha ngemuva kwamabhokisi, abalunguze. Ngezinye izikhathi wayeculela phansi ecula kanye nabo. Ngezinye izikhathi wayedansa.

One day Lizo waited for the band but they didn't come.

Ngelinye ilanga uLizo walindela ibhendi kodwa yangafika.



There had been trouble with the taxis. Lizo was worried. He didn't feel like singing at all.

Kwakunexushunxushu yamatekisi uLizo wayekhathazeke kakhulu. Waphelelwa ngisho nawumlandla wokucula.






Then suddenly Lizo heard the sound of music. The carnival band had come. Lizo was so happy that he forgot to feel shy.

Kwathi ngelinye ilanga uLizo wabona ibhendi yabaculi abacula umculo behamba emgwaqweni. Abanye balaba baculi babephethe iziginci. Kanti abanye babephethe amacilongo. Baqala ukucula nokudlala. ULizo wababukela wabalalela.

He ran to them singing and dancing.
“My name is Lizo
I love to sing
I love to sing
nearly everything.”
The band members clapped
their hands.



Wagijima wabahlangabeza ecula futhi edansa.

“Igama lami nginguLizo
Ngiyakuthanda ukucula
Ngiyakuthanda ukucula
Ngicula yonke inhlobo yomculo.”
Abaculi bashaya izandla namakhwelo.



“You’re fantastic!” said the band leader.
“You must be a singer in our band.”
So Lizo joined the band. They played
music in the carnival competition. Lizo
felt so proud in his fancy clothes.



“Uyigagu lokuzalwa!” kusho umholi
webhendi. “Woza, uzocula nathi.”
Emncintiswaneni womculo
wasemgwaqeni, uLizo wazizwa eziqhenya
esho ngeyembe lakhe elimthende,
nebhulukwe elicwebezelayo elimhlophe
egqoke nebhantshi lakhe elibomvu.

Can you guess who won a prize in the competition?



Ucabanga ukuthi wubani owawina umklomelo kulo mncintiswano?

Lizo of course! Everyone danced when he sang.

“My name is Lizo
I love to sing
I love to sing
nearly everything.”

NguLizo! Bonke abantu babedansa uma ecula:

“Igama lami nginguLizo
Ngiyakuthanda ukucula
Ngiyakuthanda ukucula
Ngiacula yonke
inhlobo yomculo.”

